1 INTERVIEW EMAWOTI NGENKOLO YESINTU

1 INTERVIEWEE : JABULANI GUMEDE

(Wazalwa ngo 1958 e Hammarsdale. Wafunda esikoleni samaRoma e Greytown. Washiya isikole enza ibanga lesithupha. Okwamanje uhleli ekhaya akasebenzi, kuphela uthunga izicathulo zabantu ukuze athole okuya ethunjini. Mayelana nenkonzo ukhonza ebandleni lama Ziyoni ungumDikoni.)

David : Kuyintokozo ukuba sihlangane Jabulani sike sixoxisane.

Jabulani : Kumina lolusuku luyisibusiso ngoba ngivakashelwe abantu abangasaziwa.

David : Konezinto engithanda ukuthi sike sibonisane ngazo mayelana nenkolo yeSintu kanye nobuKristu. Okokuqala nje ngithanda ukwazi ukuthi ngabe wena uyayenza yini lenkolo ?

Jabulani : Yebo ngiyayenza futhi angiboni ukuthi ngingayeka ukuyenza.

David : Ungangitshela kabanzi ukuthi ngabe uyenzelani ?

Jabulani : Zimbili izimpendulo engizokunika zona. Okokuqala ukuthi ibandla lami alinqabi, okwesibili ukuthi impilo yami ayibanga yihle ngaphambilini.

David : Ake unabe ngempilo yakho kafishane.

Jabulani : Ngaphambi kokuba ngibe umZiyoni ngangisonta emaRomeni. Ngakhulela khona ngafunda ikilasi ngaze ngaba isikhonzi. Abafana enganginabo sasibuye siye emasimini siyosebenza. Umfundisi wethu wayesexwayise ngokuthi singasidli iSidlo singanikwanga ngoba siyogula siphalaze igazi.

Sakukholwa lokhu saze sexwayisa nabanye. Kwathi

ngolunye usuku sisebenza sabona iSidlo sichithwe phansi. Kwasimangaza ngoba thina sasitshelwe okuningi ngaso. Saqala lapho ukungakholwa esasikutshelwe umfundisi. Kwathi ukuba abone ukuthi sesiyalazi iqiniso wasiyekisa ukuba izikhonzi. Lokhu kwangiqeda uthando ngezwa nje ukuthi angisalithandisisi isonto. Sonke isikhathi uma umuntu ekhuluma ngesonto ngangicabanga lowaya mfundisi omhlophe.

David : Ngabe yilokho kuphela okwakwenza wayeka ibandla lakho ?

Jabulani : Ngingasho ngithi kukhona njengokuthi umqondo wase ulandela ezombusazwe. Kwathi noma sengi lapha eMawoti ngangingasalithandi isonto. Kwathi ngo 1990 ngagula kabi ngaze ngacabanga ukuthi ngithakathiwe. Kwathi noma ngiya esangomeni sangitshela ukuthi ngizoba isangoma. Kwangiphatha kabi lokho ngoba ngangifuna ukwelashwa hayi ukuba isangoma.

David : Unenkinga yini nobungoma ?

Jabulani : Nginayo uma kuthi umuntu efuna ukwelaphwa ebese enziwa isangoma. Kodwa uma kuyisipho esivela koyisemkhulu anginayo inkinga. Ake ngibuyele kulendaba. Ngazitshela ukuthi angiso phinde ngibuyele esangomeni. Kwathi ebusuku umkhulu wafika ngephupho ehti angibuyele esangomeni. Ngaphindela kwathi ngisasitshela ngesehlo sasebusuku kwashaya into phezu kwendlu yesangoma, sasesithi sekuvunyiwe. Izinyanga ezimbalwa ngabuthola ubuthongo kodwa kwabuya futhi ukugula.

Wabuya umkhulu wangikhombisa umfundisi waseZiyoni athi nguye ozongilapha. Ngaqala ngehla ngenyuka ngifuna lelibandla kwathi ngelinye ilanga ngangena esontweni kanti nangempela nangu lomfundisi owayeshiwo umkhulu. Kwakungathi uyazi ngami ngoba wangicela ukuthi angisale. Wangitshela ukuthi angizile ukudla izinsuku ezintathu ngingaphuzi ngisho namanzi. Ngakwenza lokho kwathi sengiqedile saya kanye nebandla olwandle ngathandazelwa. Kusukela ngalelolanga kwaphela ukugula.

David : Yini okwabe sekukufundisa yona lokhu ?

Jabulani : Ngafunda ukuba hlonipha obabamkhulu nokubalalela. Ngiyazi nje ukuthi kumele ngihlale ngihlaba noma inkukhu ngibabonga.

David : Ngabe lokho kusho ukuthi inkolo yeSintu iyahambisana nenkolo yobuKristu ?

Jabulani : Iyahambisana ngoba uma ubheka uakhulu owangikhombisa umfundisi [illegible]. Kanti futhi [illegible] ukuthi kukhona izinto okufuneka sizigcine nokufuneka sizisuse enKolweni yeSintu.

David : Ngabe yiziphi lezozinto ?

Jabulani : Njengokuthi kucindezelwe abesimame kusetshenziswe isiko. Nokuthi uma umuntu egula kuphuthunywe ubungoma njengesixazululo. Ukuhlonishwa kwabadala izinto okufuneka zigcinwe. Endulo abaninimizi kwakuyaye kuthi uma indodana noma indodakazi isiqala ukukhula yenzelwe isiko lokukhishwa indiki. Ngoba phela kuyinkolo yethu ukuthi wonke umuntu unendiki eliyinkinga uma uze ubamdala lingakhishiwe. Namuhla nje abantu abasha benza izinto eziningi eziyantisa igazi ngoba bahlushwa indiki. Abanye ubno sebeyizangoma esikhaleni bahlushwa yilona. Badinga ukwenzelwa amagobongo abazali babo emakhaya. Zonke lezizinto zidinga ukulungiswa ngesiko ngoba amagazi abantu ayashisa bayabulala bayadlwengula kunjeyaya. Kuthina Ziyoni inkolo yobuKristu ingasilekelela ukubuyisa amasiko ethu. Isibonelo abazalwane bamaShembe abakhonza uNkulunkulu esikweni labo. UNkulunkulu akaxwayi siko ufuna ukukhonzwa kuphela.

David : Ucabangani ngekusasa lalenkolo ?

Jabulani : Ngingathi nje liyakhula. Abantu abaningi sebeya bona ukuthi sasingenziphutha ngokugcina amasiko ethu futhi sasingezona izoni ngokuhlala emasikweni ethu. Naphakathi emasontweni abantu abasesabi ngamasiko ethu.

David : Ngicabanga ukuthi sesixoxe kakhulu sengithanda ukubonga lelithuba esesilisebenzisile sixoxa.

Jabulani : Kubonga mina.